



R.H INDABA

NEWS

STAY INFORMED

OCTOBER 2016

2016 NURSES DAY AT RICHMOND



AMANESI ASESIBHEDLELA IRICHOMD EGIDA, EJABULE NGOSUKU LOMGUBHO WAWO.



Richmond Nurses Day
[READ MORE ON PAGE 3](#)



Healthy Lifestyle Awareness Day
[READ MORE ON PAGE 4](#)



Richmond Heritage Day Day
[READ MORE ON PAGE 5](#)

CEO's Key Note address

To the Richees.

Our half financial year 01-04-2016 to 30-09-2016 has come to an end. It is time to review and see if we are on schedule.

Our government is faced with an assessment by the Rating Agencies that are coming in early December 2016. The Rating Agencies will measure our revenue and compare with our expenditure as a South African Government. The expenditure of each government department including KZN Health will contribute to the country's expenditure.

KZN Health has a duty to severely curtail expenditure without compromising patient care. As a hospital we are faced with inability to spend according our procurement plans, maintenance plans and to fill posts including some critical posts. We hope that after the assessment dates the situation will relax a bit.

If the ratings by any chance give a junk status, citizens and employees will experience high interest rates, increase in taxes, lower rand value, higher prices in imported goods, increase in fuel and increase in food prices. Don't get into debt until you know the results of the rating assessment.

Our patient care is good and we must maintain that or improve.

Quote: "Don't just teach your children... Teach them to question what they read. Teach them to question everything."

-George Carlin



Mr. NP Dladla CEO addressing Hospital staff and its stakeholders.



uSister Ntshangase ethula inkulumo em'cimbini weNurses Day.

“The very first requirement in a hospital is that it should do the sick no harm” lawa ngamazwi ashiwo nguFlorence Nightingale owaziwa kakhulu kwezempilo nge“Lady with the Lamp”.

Isibhedlela sase Richmond saba ingxenye yomgubho wosuku lwabahlengikazi ogujwa umhlaba wonke owaziwa ngeInternational Nurses Day oba njalo ngomhlaka 12 kuMay. Mhla zingu 25 kuMay abahlengikazi kanye nabaphathi besibhedlela saseRichmond bahlanganyela ePatient Dinning Hall, bezobungaza INurses Day yokuqala ngqa esibhedlela saseRichmond eyaba nesasasa elikhulu yaphinde yaba impumelelo.

Kulo lolusuku saba nezihambeli ezinhle okunguMfundisi uPhungula owasipha ukudla kom'phefumulo, kanye nabakwa Old Mutual NoCapitec Bank. Isikhulumi sosuku uMatron Jojo-Zimu wachaza kabanzi ngomlando walo lolusuku oselugujwe um'hlabawonke kusukula ngo1965, lapho kusuke kuqhakanjiswa khona uFlorence Nigthingale okunguye owaba neqhaza ekusungulweni kwalolusuku. Ihovisi likasomlomo kanye nabahleli bemicimbi bathanda ukudlulisa ukubonga okukhulu kubo bonke ababamba iqhaza ekutheni lomcimbi ube yimpumelelo.



Non-Nursing Team



Nursing Team

Iqembu lakwaNon-Nusing Kanye nelakwaNursing kwi Healthy Lifestyle Awareness Day.

Bathi impilo enhle iyasetshenzelwa, nathi siyisibhedlela saseRichmond sibamba iqhaza elikhulu ekuzivocavoceni nokugcina imizimba yethu inempilo. Umnyango wezempilo uyakugqugquzela ukuzivocavoca kwabasebenzi bakhe, lokhu ukwenza ngokubambisana nabakwaGEMS ngohlelo lweHealthy Lifestyle Awareness Day. Ngomhlaka 21 kuSeptember abasebenzi kanye nabaphathi besibhedlela bashiya phansi amathuluzi baqonda enkundleni yezemidlalo yasesibhedlela lapho okwadlalwa khona imidlalo enhlobonhlobo okubalwa kuyo ibhola lomqakiswano kanye nelikano bhutshuzwayo. Kuyo yonke lemidlalo kwakugadulisana iNursing Department kanye neNon-Nursing department, ngeshwa umnyango wabahlengikazi awuzange ulibone elidlalayo kuyo yonke lemidlalo. Isibhedlela saseRichmond siyakugqugquzela ukuzivocavoca komphakathi ukuze sikwazi ukulwa nobubha, sivikele izifo sinike nethemba!



Abaphathi kanye nabasebenzi besibhedlela em'cimbini wosuku lwamagugu.

“ukuze wazi ukuthi uyaphi, kumele wazi lapho osuka khona”

Isizwe saseNingizimu Afrika saziwa njengesizwe esizigqajayo ngemvelaphi kanye namasiko aso anhlobonhlobo, kanti loku kuqgama kakhulu ngosuku lomgubho wamasiko esintu oba njalo ngenyanga kaMandulo. Kulonyaka isizwe samazulu okuyisizwe esinomlando omkhulu eAfrika besihlanganisa iminyaka engamakhulu amabili sabunjwa iNkosi uShaka kaSenzangakhona. Abasebenzi kanye nabaphathi besibhedlela saseRichmond abazange basalele emumva, nabo baba ingxenye emgubhweni walo lolusuku owabanjelwa ePatient Dinning Hall mhla zinhlanu kuMfumfu, Izinsizwa neZintombi zaso isibhedlela zafika zivunule ziconsa...wenaBheshu,wenaSari,wenaSdwaba...kanti nokudla kwashintsha ePletini kudliwa ngalo belu oludala, uJeqe, Imifino, Isitambu, Isigwaqane Kanye nokunye “impela wawungeke usinike singaboni”. Siyi hovisi lomxhumanisi wesibhedlela kanye nabahleli bemicimbi sithi “isandla sedlula ikhanda” kini nonke enaba nesandla ekwenzeni lomcimbi waba impumelelo.

Ixoxwa ngez'thombe



ACKNOWLEDGEMENTS



Hlanganani Bhengu
WRITER/ DESIGNER



Lindokuhle Mlotshwa
PHOTOGRAPHER

SHOULD YOU HAVE ANY COMMENTS CONCERNING THIS PUBLICATION KINDLY CONTACT US USING THE BELOW CONTACT DETAILS



health
Department:
Health
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

CONTACT DETAILS

Physical Address:

Durban Road, Richmond, 3780

Postal Address:

Box 133, Richmond, 3780

Web Address:

www.kznhealth.gov.za

SWITCHBOARD:

033 212 2170

SWITCHBOARD FAX NUMBER:

033 212 3450